~~259.~~ [1b] History of the Thembu, Macondo and items of custom
S.~~282.~~ 259(7) ~~AM/3/21.~~ K13/21 F. Vilakazi. 27

2.

**Impi yabakwa Athembu nabakwa Sithole uGabuza umuqathi wempi wakwa Sithole.**

Kuthena mhla kuphuma udwendwe uGabuza usethi amaThembu awakwazi ukusina. Use phendulwa u uMpenbe DlaDla. Phela uMpembe lona wabaleka emacunwini ngempi yama Cunu naba Thembu okwenza abaleke aye emaThembeni yingoba unina owasendlu nkulu kuba Thembu usethike uPembe ushonjalo Gabuza konje wena uzenza iqawe nesilwi kulendawo. Auwa hloniphi ngani amaThembu kuyi wona emphethe njena ma. Usethi thina siwuphumo asisena ndaba. Ushongoba sebe funa ukubeka u uPhindo Sithole abeyinkosi yabo. Nanamhlanjena ayithani abakwa Sithole naba Thembu. Sebehlukene
2. futhi nokwakha kwabo uPhindo nebala usevela ethi yeka umuntu wami awazi yini ukuthi mina ngiyinkosi yabakwa Sithole. Ekusekeni uPhindo waye yinduna yenkosi uMabizela. Phoke usebona ukuthi uMabizela usefile usezenza inkosi yabakwa Sithole. Usemuvuna uyise mkhulu uvuna yena uPhindo uma eshonjalo ethi yena uyinkosi yabakwa Sithole. Ugabuza usefuna ukugalela kuyena uPhindo. Sekukhuza uJama ma-Maso uthi musa uku banga impi singa phelele ingathi uyabona abakwa Sithole baphelele bona. Sebe baleka nje njalo uPhindo nabanye ababe hamba naye ukuzwa ukuthi seku kubi. Bathena ukuba ba baleke isiyo hloma lena eyabakwa Sithole
3. kuthena lishona kwezwakala ngophondo lukhala. Sekubizwa uJamuluthi inyanga enkulu yendodana ka Mabizela inkosi usethi ukufika uJamuluthi useyi cela impi lena yaba kwa Sithole inkosi ithena ukubona ukuthi manjena abakwa Sithole sebe hlangene naye u Jamuluthi usehloma naye isilindelana inhla no Tugela River. Kuthena ukuba kuhlwe yasuka ekubuthise khona amathembu kuthena ukuba ibone ukuthi isisondele ne seyima eyakwa baSithole. Athembu aye angalindele esafuna amasu ukuba ozokwenzanjani. Nawo ukufasweswe inkosi yamathembu isezwa ukuthi abakwa Sithole sebe sondele. Useyimise ngezi gaba, kuthena ukuba abakw
4. Sithole basondele bezwa kala ngoba sebesho ukuthi ngadla besho sebeba gwaza njalo. Inkosi ukubaleka kwaya iye enduneni yayo enkulu eyayingaka fiki esathunyelwe yabaleka eya Mathembu. Kuthena ziqala zikhali izinkukhu aye esephelele amathembu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Phela naye uPhindo waye thumele ku Zwide Phungose ukuthi kuhle eleke lele yena wavuma uPhongose kanti uyenga yena uPhindo. uPhindo wamuthembisa icibi lezinkomo zakhe. Nokuthi uyomenza naye induna enkulu. Yena uZwide waye yinceku yenkosi enomuzi wakhe eziHosheni umuzi wenkosi omkhulu. Phoke uthena ukubona u Phândo uk thi kanti uZwide weleke lela inkosi ubaleka. Usenquma nondi ekhuphuka ngalo njalo uTugela usehla ngana nama Swazi use-khonza kuwona.

5. Umuzi wakhe wasala khona lapho ngase Tholeni ngoba phela waye angase nakudabula kuba Thembu. Usethi uhlanga bezana nayo Ujamuluthi impi yaba Thembu akasa sizi lutho. Yilapha naye afela khona, uJamuluthi ngempi yama Thembu mabakwa Sithole. Abakwa Sitholeba phela ngaleyo mpi. Phoke abanye abakwa Sithole babe ngase nkosini amazwai ka Jamuluthi uma isefa wathi "Myangi bulala Myangi gwaza ipela anina kulunga, zaya kuna hlula izithazeni. Myakulwa nodwa mbulalane." Ukukhala kwendodana yakhe lapho eyayongaku ba Thembu ithi iyamulekelela uyise bafa balaka nyana. Ingama layo kwaku uPhelekuyise, usekhuza umuhlola ukufakwe

6. zwe uthi izingani baThembu ningazi qambi amabiso azo ngezici ngoba ziyofuza zona kun gcono niba qambe ngezici ezinhle kune zimbi. Inkosi isithumela uZwide ukuba abeke bona abakwa Sithole abe yinduna yabo. Abakwa Sithole zaphela izinyanga ezilishumi bevungaza befuna uku mbulala yena uZwide ngoba uyena owavuna uPhindo ukuthi uzomelekelela uma elwa nenkosi. Kuthena ngelinye ilanga abakwa Sithole bahlangene kuphuzwa utshwala baxoxa ukuthi uPhindo uyeza usebaleka u uZwide ngolobo busuku uyehla uyobikela inkosi ukuthi uPhindo uyeza kuhle imekahle. Nebala isibeka inhloli umfoka Duma uFayedwa abe yinlolo. Usefika nebala uPhindo ufikela emuzini ka Maphithitha Sithole umfowabo. Sekuzwa

7. kala ngalo uphondo lukhala sebe qoqana ngoku sesha abakwa Sithole. Isihloma njalo seyiwu nkanka umuzi ka Zwide. uZwide waye sel ndele impela ukuthi abakwa Sithole abakolile. Kwazwa kala ngezinja ukukhokhotha kungahlwa angalali uZwide uthena akuphuma usehlangana no Fayedwa nempi usegalela ithi abakwa Sithole usemukhuza u uMawa S uthi kahle mofowethu yithi sezolwe lekelela nansi impi isifikile uyo njalo usemgwazile uFayedwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwathi kanti uyisiviki uFayedwa wangwaza kancane ethangeni wase uyashishiliza umukhonto amazwi ka Fayedwa wathi "Uyangi gwaza Zwide, ugwaza mina, Fayedwa" Usethuka impela ukubona ukuthi uFayedwa. Usebuza ukuthi "nithule leni neingangitsheni ukuthi
8. yinina na?" Usezwa uPhindo ukuthi balwa bodwa usedumela udumela u.ephuzile. Uthena ukubona uk thi kubi usekhumuka uPhindo. Usethi uyabaleka kanti bayamubona abakubo. Sekuyibona abathi nangu yana uPhindo akubanjwe yena abulawe. Usexoshwa abaThembu naba kwa Sithole usethi ukubona ukuthi akukho masiza useziphonsa eweni kwa Phiindo. Kuthi kwakuyindawo embi lapho aziphoansa khona. Kuthiwa wamemeza wathim "wafa Phindo phumula Sithole" Inkosi isibe hlukanisa kelapho abakwa Sithole sebe hlala ngokuthulake lapho abakwa sithole nama Thembu. Kodwa ąanamūlaluya suka ucuku kubo abakwa Sithole bakwa Mthembu. Kodwa inkosi isiyaba thena amandla abakwaSithole.

9½ Uthena uMamangubane unina ka Kufakwezwe ebona kubulawa UNsizwana indoaana ka Phindo eyabe ilishinga uthi nkosi mntanami ungaze ubulale umfowenu uNsizwana angithi uphuma sisweni sinyea na. Loku naye owakhwenu musa ukumubulala ungamuxosha njena kulendawo. Inkosi isimu biza isimululeka ngomusa. uNsizwana useyi khobela impela inkosi loku kuya faka zela ukuthi amazwi amahle ayalungisa kunokubulala namazwi olaka. Usemutshena uk Kufakwezwe uNzizwana ukuthi ngiphose ngaku bulala umfowethu ngokuzwa kwami ukuthi wena onocuku. Sebehlalisana kahle njalo uNsizwana no Kufakwezwe inkosi uyena sekuyi nduna nkulu beno nomfaka Mpungose owakhe eduze nama cunu emanyiseni uma uyangaso Tugela.

10. Kuthena ngendla enkulu evele emvakwempi yabakwa Sithole na maThembu inkosi yathi kuhle didl zidluwe zonke izinkomo zaba kwaSithole ngoba phela yizona izibenza bahluphe. Bathi banga bona ukuthi banemfuyo eni gi bafune ukulwa. Sezidliwa izinkomo zabo njalo sebe sheyelwa ngambili nganye njalo lapho abakwa sithole bayosebenza ngoba izngane zabo zingasadli lutho. Nmahlanjena abakwa Sithole bane mfuyo eningi emalini ngoba basuke ababe basazi thenga izimpahla bafuya imali ukufaka zela

loku nango omunye umnumzane udumile uDelwane Sithole one silaba
eTugela Feerry namakhosikazi amahlanu, Unemotho yakhe unemali

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

enkulu. Bayethola eGoli nase Byimani ngezikhathi eziphambili kusa hanjwa ngezinyawo.

11. Kuthena kuhle ziwe ka Mfuna Ndlela kuzwakala umuntu ememeza uma abantu beqala ukubeka izinhla ngothi phansi. Kwakumemeza uMadindi Dlamini ikhehla elidala elinomuzi omkhulu nama khosikazi amahlanu. Umemeza njena sekufe umuzi wakhe naye akazi ukuthi usale kanjani waye nezinsizwa eziyishumi zingama soka ubulawela zona izinsizwa zakhe lezo. Zona zafa khona lapho kwasala uzihlange encane eyona yayifunwa kakhulu. Uthi "ngafa, ngafa Malunda yelekelela" Usephuma uma ephuma usefuna indondana yakhe enkulu ukuba bayokwe lekelela azayithola kanti iyona eyokulwa nomuzi ka Madindi Dlamini. Usehambeke uMalunda Ndlela usemufana uMadinda ngoba esecashile naye uZihlangu.

11. Inyanga enkulu yempi ka Mabizela mthombu lenyanga yayidumile kubantu nase nkosini yabo uMabizela kwaku wu Mvanyana Ndlela. Kuthena ngempi enkulu ya Ma-Bomvu nama Thembu yaqala ukusebenza lenyanga emzini wenkosi sekufe enye inyanga yenkosi endala uPhundani Mbuyazi. Inkosi yayi ngame thembi uMvanyana ukuthi ikhona into ingayenza. Ithena noma isihamba nempi yayo ayethemba ukuthi konje iyaku phumelela yini ukulwa nama Bomva kuthena lapho impi isiwela uTugeka ukuthatha kokusa usethi uMvanyana kuhle imbongo uma isibonga uVivi Mbuyelwa ahlubule ahambe nqumi seyimufaka izinsizi zempi uVivi lona inyanga. Nebala
13. akumule uVivi Mbuyelwa. Sekuthi lapho impi uma isiyohlangana wase mabomvini uGedi musa ukumelana nomuntu ohamba nqumu kuhle uMudumele masishane ngoba phela welashiwe ngezinsizi zazi zikwebele ke wena nathi futhi kuhle ubeke isithunzi sika Vivi si gaweli kwesakho. Nebala uthi esabon a uVivi usedumela uPhuphu Nxele imbongi yawo amaBovu ngoba esezwile ukuthiuyakuza uGidi ngubane kwaya kubo imbogi uku a mayi gwaze kuqala. Usebaleka uMvanyana ngoba sewo nakele umuthi wakhe womiwa imbongo egalele ingakabongi uthe uma ebaleka wahlehla sengathi ulungisa wona umuthi wakhe njalo. Phoke impi yahlanganela endaweni embi
14. enze zihlahla impela usenyelelela njalo uMvanyana usefike ekhaya itshena nkosikazi yakhe enkulu ukuba mayi mulandele wathi useyakwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zulu useyo khonza khona. Akusayi ngoku bona kŵakhe use hlulwa uPhuphu Nxele ngoba phela naye wone impi ngoku melana nomuntu ohlubule. Isilwake impi liyoshona ilanga. Sekuthi ngalapha kwelobunene uphondo sekuthi kwelokhohlo futhi isikhumuka eyama Thembu uMabizela uthumela ibutho lakhe ebelisa hlezi lebeke izimpondo ezikhumukaya igama laleli butho uBenjane aqale ngalo ukudumela oma-hlupheyana. Use ngena uBenjana ethatha kanye ase baleka amaBomvu. Isiyeke lana khona lapho. Inkosi isifuna yena uMvanyana ngoba eyindoda elaphe impi yayo. Kasa Bombo

15. Isicama ngakuthi ngabe ufile yini. Kuthena kunjalo amaBomvu eseze nekosi yawo manjena inkosi yase mabomvini umulingo yayi wazi nokwelapha impi ukwazi kakhulu ibizo layo uDingizwe. Seyithumela isangoma ukuba sihambe soma phambi kwempi nenja yensikazi eyayi nqunywe umsila usavuza igazi. Ithena ukuba iqamuke inja nesangomo ethuka amathembu imbongo yabo navaloyawu phansi. Isikuza inkosi ithi mayi yekwe inja nesangoma kwaba ayishilo bayidumela inja ngemukhonto naso isingoma kwawu kufa kwaso isango-ma ne nja. Kanti abaThembu bazi lethela isinyama. Kuthiwa kwavela inkungu nomukizo omukhulu abaThembu ababebesa bonana manjena

16. Isangoma lesi wa kuwu Ndabisesobeni Zondi. Kwakhe twa intombazane eayi liqawe ukuba mayi fele izwe lakubo. uNdobisesokeni waye hlala esigodlweni senkosi emuhle. Phoke ngokubona ukuthi izwe lakubo liyafa wancama ukufa yena. Phela naye athena emhlaba njena amathembu wabe ewahlaba nenja iwaluma iwathela ngegazi futhi kodwa inkosi yayi thena mayiye kwe inja nesangoma. Kuthena umase esehlulwe amaThembu bawa bulala impela abase mabomvini base bagwaza nenkosi noko ayaze yafa. Phela inkosi iyale saba igazi yase isigula njalo. Amathembu asedumala impela. Amabomvu asedla yinkomo zawo amathembu. Inkosi ayihlalanga kade yese iyafa njalo masishane.

17. Ndabisesonkeni waye uyema igosoleintombi lempi kuthiwa khona ayemuhle kodwa amandla akhe kwakungawe indoda. Uyise uzondi usethola ifa ukufa komutanake uNdabasesokeni Inkosi isimunika amashumi amathathu ezinkomo bonga uNdabasesonkeni Nanamhlanjena awakhohlwa amaThembu ilendaba. Asengenelwa umukhu-hlane amathembu ngoba abulala inja ilunjiwe amabomvu sezifa zonke zonke izinsizwa ezasalala lapho ezayi bona injale labo ab nga zange

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

babone lutho. Phoke nanamhlanjena amathembu namacunu ayswe saba ama Bomvu ngalo mulingo wawo. Kodwa inyanga nenkosi ababazi lomulingo sebafa manjena isithunzi sisekhona nakho.

<u>Indaba ka Gcugcwa wakwa Nzama.</u>

Gcugcwa wakwa Nzama wabe inkosi enkulu yesizwe sama Wosiyana ngesikhathi sokubusa kwe ngonyama enkulu yakwa Zulu uTshaka. Lapho abakhe khona ngempela akuqondakali kahle kodwa abadala bathi bakhe khona kwa Zulu. Uyise kwaku uNcameni, ka Sizane, ka Nozaca wa kwa Wosinyana. Phela abakwa wosinyana abakwa Nzama.

uGcugcwa wakhe wabalekela uTshaka wahamba waze wafika eMlazi, lapho sekwakhe isikole manjena. Ukufika kwakhe khona wafika kwakhe uDr. Adams. Kodwa aka hlalanga isikhathi eside wabuyela kwa zulu. Into enkulu uGcugcwa abe aziwa ngoyo ngesikhathi sokuhlala kwakhe. Wabe enomuthi wakulalisa abantu balale qede
18. abese entshontsha izinkomo. Kuthiwa wabe nele awuthunqise nje, balale bonke ekhaya. Kodwa akuqondakali ukuthi kwakumuthi muni. Umuntu awaye jwayelene naye kakhulu uCabeka wakwa Mabaso nase Mlazi babenaye. Abazukwewana baka Cabeka basekhona bakhe ndawonye naba kwa Zana baka Gcugcwa phansi kwe ntendeni kuleyo ntaba okuthiwa intendeni kukhona ihlathi elibekene ngaseningi zimu. Omunye wangitshena ukuthi uGcugcwa wafumaniswa izithunywa zaka Tshaka ebace khona, musukwana efunelwa izinkomo zenkosi abezintsontshile. Kodwa abanye bathi bayelandula noko kona kuli qinisa ngoba abaningi bayasho ukuthi wafumaniswa khona. Ukufa
1 kwakhe uGcugcwa wa fa ngawo umusebenzi wakhe woku tshontsha izinkomo uTshaka wamuyenga wathi kuhle ize kuyena azo mupha izinkomo, wamuyenga ngoba waye eseqede izinkomo zabantu futhi kungelutho ukumubamba. Wajabula kakhulu uma uTshaka emubiza wasukela phezulu kuhle kwenyoni bona incombo kanti oqonde ogidibeni. Wanele ukuqhamuka ku yena uTshaka kuthi uTshaka wamuka wabamba uMlomongesandla yathula umuzuzwana ingakhulumi ithiisuka yayiba baza ithi "Hau! Hau! Zulu ake mkubekela kungakho kanti kuhlupha kangaka kungakanyana. Kwaku wumuntu omfushane yamubingelela yathi sakubona Gcugcwa sakubona mfoka Ncameni. Wavuma ngesibindi wathi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

"yebo nkosi, amabonaboncane, ubona mina, nje, bobona wena ngomuso" Kuthiwa loku uGcugowa wakusho ngoba esebona ukuthi uwu kudla kwa manqe. Wayesethi uTshaka, "buyisani izinkomo esibayeni, zigowale" bazi buyisa njengo kusho kwenkosi, "yabisithi, "kuthatheni lokhu zulu mkubophele izimpundwini zesi bayakuoundle esangweni, bese nikhipha izinkomo zikhandaniswe zekufihlize." Kwase kwenziwa loko kothiwa wakhala nkosi ya ngibulala" Wafa ka njalo oka Mcameni akabe asabonwa nokuthi kwa kuyini nomakwa kuwu muntu yini.

<u>Amacala okubulala kuba Thembu.</u>

Kwa kune butho lokubulala aba gangileyo bephula umuthetho umisweyo abaThembu. Ibutho kwakuthiwa(Umalondolozi) Uma umuntu eligwala empini yayi thi inkosi maka bulawe. Inkosi eyona yayi wu qinisile lomuthetho uyena uMabizela. Kuthiwa uMalambisi Mthembu wabonakala encuxeba ngomuva inkosi yamubuza ukuthi walithola kanjani usebona ukuthi usezo kufa namhlanjena usethi "nkosi nami angazi. Ukuthingalitholaphi, kanjani? Kuthi leli nxeba laselili dala impela phoke inkosi inovalo ukuthi bonke bazo banjengaye babe namanxaba ngomuva yathi maka hambe aye ekhaya lakhe abuye nenduna kuqala ukuthi wali tholaphi le le ngxeba. Usehamba ke usetshena izingane zakhe ukuthi

23. mhlawumbe useyobulawa bulawa kusasa inkosi sebethi abantwana bake kuhle abaleke aye eMacunwini bazomulandela. Phoke amacunu ama mukela nawo. Kuthena ngansukwana abuza ukuthi wali tholaphi leli nxeba ngoba eloku balekana. Akasa phumeleli uMalambisi sekuthiwa maka bulawa nebala usebulawa ngendaba yalelo nxeba.

uMthunyane kwathiwa uyathakatha kwabonakala efumaniswa emuzini wenkosi ebusuku. Phoke wathi ukuba inceku yenkosi uMabizela wathi uyabaleka waxoshwa impi yabantu nezinja, kuthi walwa nezinja nabantu waze wadinwa kuyaziswa phela ukuthi uuMthinyane kwakuyi qawe. Nase mpini wayehlabana bengaka hlabani abanye nekosi fu hi imuthanda.

24. Kwazisa ukuthi yayimubizanjalo manjena imethembile futhi uMthiyane imbosiyase imungenisa nase muzini wayo. Usethandana nenkosikazi, yenkosi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uNamandle Silo, inkosikazi encane yenkosi inkosi y aze yabona yona isize ibona ukuba axashwe izinceku ukuthi kanti akalungile. Sezithi ukumubamba izinceku sezimusa enkosini, isibuza inkosi ithi"ubufanani lapha ebusuku na?" use phendula yena uthi "Nkosi bengizo thakatha ngithunywe uLuzindela induna ithi mangizo thakatha intombi kulezi zinkosi". Inkosi isithi angithi wena ungimigani wami na yonke into ngiyi tshena wena ngingaka zitshena izinduna zami na, wenzani phona usungi bulala?"

25. Usekhala uMthunyane ukubona ukuthi usezo bulawa manjena. Sekuqamuka yona intombdokazi yenkosi uNamandlesilo, uthi "Inkosi konje ingamubulala na ungani wayona ngenxa yabantu namakubulawe yona induna". Ukuthukuthela kwenkosike lapho yasola ukuthikukhona okwenziwa uNamandlesilo naye uMthinyane sekuladwa bonke abaThembu ukuzobona lomuhlola. Sekufunaniseka ukuthi induna ayina cala naka ncane ayazi lutho futhi inkosi isimubuzi sisa ukuthi ubezo funani ebusuku na? Akasa phumeleli usebulawa uMthinyane naye uNamandlesilo. Kodwa wathi uNamandlesilo ngiya thokoza ukufela uMthinyane.

26 Inkosi yase ithi kuhle babulawe bonke amadodana nezintombi zika Mthinya e naba ntwana baka Namandlesilo babulawa akwasala no yedwa. Ukubulawa kwalaba ntwana kwabanjena, bajiswa amakhaya nasiwa entabeni enkulu ebiswa ngokuthi uMhlamayo lapho inkosi yathi makubaswe umulilo bengazi abantwana ukuthi bazobulawa bona. Kodwa amadodana ka Mthinyane ayese zwile ukuthi bayobulawa manjena Aye ngasenakubaleka ngoba ayebekiwe ukuba angabaleki kuthiwa wathi uma usuvutha umulilo baphoswa phakathi bonke lapho kulowo mulilo. Kodwa kuthiwa kwathi ngobukhulu bomulilo basha laba ababe baphonsa

27 kuwona umulilo lowo. Naye noNamandlasilo baphoswa kulo ilangabi lomulilo. Loku kwa kwenziwa ibutho lempi lokuthetha amacala. Inkosi yavuka yaba nolaka ngokufa kwentado kazi yayo uNamandlesilo Kuthiwa kwakuthi noma inkosikazi yayo ibonakale ihleka nomuntu njena inkosi ithi mayi bulawe kwakungasa ngwenwa emuzini wayo inkosi ngendaba eyenziwa uMthiyane. Amacala lana ayenendawo yawo lapho ayet ethelwa kho eduze noMhlumayo. Kuthi umuntu onecala ebekwe esigcwawini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. Umalizo zothethwa kwaku bizwa amadoda. Aziwe kusekude yikhona
amakhosikazi azokwenza utshwala bokuphuza umaseku buywa ecaleni.

28 Kuthi amadoda aphendule kahle ecalane kuth wa utshwala
obawo lawo madoda wonke amanye asazocela kulawo. Olahlwe icala
akasezu kulamba namanye amadoda kodwa ukuthethwa kwayo amacala
akufani. Nawa bamhlophe kuyavunwana nekosi ithengwe ngotshwala
ukuba ivune lowo one cala. Kuthengwe nabanye abaziwayo. Uma
omunye engenabo abantu yena noma icala lakhe lilihle engenasono
lomulahla ngoba akathenganga muntu kuhle futhi umuntu aziwe inkosi
ukuze ilithethe kahle icala lakhe ngaphandle kwaloko lutho nje.
Kuthi noma lithethwa abanye bafune nokulwa ngoba kuya vunwana
29 nomaseli phelile sekuzohanjwa ngezingaba kube khona nokuza ndana
ngakeyo ndaba. Nekosi ibilalela abadala amadodana aziwayo ngenye
ikathi kwakhi yona njalo belu inkosi umabizela ethetha icala kwase
kuvela impi enkulu kwakuxabane uManzoli noMuthakathi. Labantu
abadodanye behlukene ngonina kuphela bazalwa uZikhali Dlamini
manjena uManzoli uthi behlezi uMathakathi uthi "Nina mfowethu
mzilima amkwazi kubona nomaumuntu ephambe kuba fazi benu, uyabona
mina ngeliqili ngidla lapha kunga fanele, uyabuza uManzoli uthi
uthini mfowethu wakhhle ukungitshena kahle na ukuthi uthini wa
ngikhulu mela inkingana. Ulala unomfazi wami yini" Kubuza Manzoli.

30. uMathakathi uselwa nomaNzoli Sekuba yicala impela
elikhulu emzini ka Zikhali. Phoke uZikhali uthanda unina ka
Mthakathi manjena akakwazi ukumulahla ngecala uMthakathi usela
inkosi nomndeni wakhe wonke ukuba mawiwune uMthakathi
nebala kwanjalo manjena uMathakathi usethi wayedakiwe. Phoke
uManzoli walanda abase Macunwini ekhabonina ukumuzwela naye.
Kwathi laba base Macunwini ba bamuvuna uManzolo naba Thembu
bavuna uMathakathi Ukuthutha kwakhe uManzolo wayokhonza emacunwini
nanamhla enzolo yakhe isalapha. Usethukuthela ngomshado wakwa
Shezi uManzolo nabase Ncunwini seyihlabana njalo lapha. Kwathi
uMthakathi wafa khona lapha ukushona kwelanga.

31. Ukuhlonipha .

Kuthena kuhleziwe emuzini ka Mpanjana zakwe kwelase
Macunwini kubonkala uZiphethe intombi ka Hlebo Dumakude ishaya
umntwana phambi kubayise wendoda.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. Usekhuza umnumzane uPyanyana uthi wenzani? Umakoti akasalaleli usephuthuma igane useze ayibambe ayishaye impela ngoba imethukile yamusakela ngamuthe eyikuza ukuthi mayinga gangi ngokudla komuntu omdala umyeni wakhe. Ingane lena eka Dade intombi ka Zimvu. uDade uzakwabo ka Ziphethe usebiza amadoda umndeni ukunibonisa loku. Amadoda asethi umakoti wenze kabi ngoku shaya ingane noma esemukhuzile uyise. Sekuthiwa maka hlawule kodwa umakoti uthi naye kuhle ingane imuhlawule ngoba imethukile.

32. Use khuza ebabaza uDade uthi ingeke ihlawule eyami ingane. Ayikwazi ukwethuka muntu. Usebaleka uZiphethe emuka impela akwaziwa lapho ashona khona.

Usebiza umndeni wakwa khe uMpanyana ewuyala ngokuhlonipha. Umlobokazi akathethi ekhaya lapha egane khona nengane futhi angeze ayishaya kubuka abantu nomayonile angaze ayishaye ngasese kunga boni muntu. Ukwenza njalo loku aze athole umntwana naye. Uma uMlobokazi eqalomuthetho kuthomuhla ebelethayo athole ubunzima. Usuke esejeziswa abaphansi ngokwe delela umuziwabo. Ukuswele kele ukuba umalokazana adle bume. Nentombi ithi ingalotsholwa itshwelwe

33. amagana oyise zala. Uthi noma efuna ukukhuluma umakoti afune amanye amagama azokuma esikhandleni salana awa hloniphayo. Usethi Akengini linga nisele ngomama, ubaba, mkhulu igama lakhe uZihlandlo ngakoke omama abawabizi amagama anezinhlanwu ezino "hla" "ndla" kumbe "dla" ekukhulumeni kwabo;

| | | |
|---|---|---|
| Ukuhleka | = | Ukunkesa |
| indlu | = | Inkiba |
| indlela | = | unyathuko |
| ukudla | = | izamükelo |
| isihlahla | = | isicewo |
| amehlo | = | amankangelo |
| uhlanga | = | ukhesheka |
| inhloko | = | intenca |
| mhlophe | = | mntophe |
| dlula | = | ngqula |

34. Namanye njalo ayashintshwa nomkwenyane uyahlonipha impela ukudla kwase muzini akakudli into ayidlayo yibona njena utshwala uyaye athule angakudli uma engaka hlatshiswa imbuzi uma esehlatshisiwe uyakudla ngaphandle kwamasi odwa nekuku yase mazini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. Lapha kuyiwa ekweni umuzi ungenwa ngakwesokunene somuzi. Noma umkhwenyana ephuma uphuma ngakwesokunene somuzi izintombi ema zivakashela kubo kasoka noma kubo ka Mkhwenyana ziguqa nga madolo uma zise gumeni zingene zezigaqa ngamadolo endlini zizinze phansi ngakwesokhohlo uma sezise ndleni uma zinikwa icansi azihlali kulo bazebabeke into ethize kulo incansi kubekwa ubuhlalu kumbe isheleni njena.

35. Umakoti uhlala abeke emusamo yena abeke phansi ukuze angabonwa muntu uma abadala beba kulumisa kukhulume izintombi zodwa. Umakoti athule yena obekise kuyena aphandule loko kuphela athule. Akhulumele phansi ngokuze thoba okukhulu. Lokhu ukwenza kuya qhubeka njalo kuthi nalapha eseqcagca, afake imvakazi emcheweni iwela ngase mehlweni ukuba angabonwa muntu amakholwa wona afaka ulwembu ekhanda abanti (iveil) kodwa imvakazi ifakwe izintombi ezigcwele ezingona kele ndawo uma i tombi seyonakele ayifaki imvakazi kube kubona kale ngako ukuthi yona kele intombi ngokungafaki imvakazi uma igcagca.

36. Akungeni muntu ongamulisa lapho kubeletwa khona (osenomqondo) kuze kudlule isikhathi isingange sonto futhi umuntu wesilisa akakwazi ukubeka umuntu wesifazane lapha egula noma ukumugeza, kuye kufunwe yena owesifazane omunye ukuba amusize kulukukwenza. Kuyindlamba enkulu uma ubiza intombi ngokuthi intonjana uhlawula izinkomo ipela futhi uthi uthole icala elikhulu. Uma uthi intonjana usho ukuthi seyake yazala noma seye mithi eyake yona kala mhlaumbe.

Umfazi kamubizi umuyeni wakhe nge gama lakhe umubiza njena ngelinye igama lokucaza ukuthi uyamuhlonipha. Uma esenengane umubiza ngokuthi uyise kabani. Uma engenayo uye athi ufowabo kazi bani bani.

37. Uma elazi ibutho lakhe umubiza ngaoo. Uma kusehlobo abantu nabo nawo amasikho okuhlonipha unkulunkulu umaliduma izilu. Akuphunyelwa phandle izinto ezimhlophe ziyafihlwa zonke nezinyanga ziseze ngemuthi. Akuwunyelwa noma ubani ukuba angakhuluma. Ngesikhathi sase hlobo amanzi awaphuzwa bume, nokuwa phonsa akuvunyelwe. Loku bathi yikona kubanga umbani nezulu ekhaya.

Amasi awaphumeli phandle ngesikhathi sase hlobo. Ukuqhumisa
isiswabu akaya akuvunyelwa nakk

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isiswebu ekaya akuvunyelwe nako futhi kubanga izilu nombani ekhaya. Umaliduma izilu wonke umuntu uyembatha afinyele futhi uma kade enabile akuhlalwa phakathi nendlu kuhlalwa esebeni,
38. lwendlu kuthulwe kungenziwa lutho. Kwathi futhi umaliduma kushunqiswe u uboqo, nohlonguhloshana enwa, kwemizi yonke. Ezindlini kushunqiswe isikhumba semvu emnyama enzansi. Kwensika yendlu besekukishwa abafana izinti ezelanshiwe ngomuthi. Lezi zinduku zihlonywe endlini ngaphandle kuhlonishwa ukulima nokuhlakhula uma kuvele isidumbu kuleso siqodi kuze kungawatshwe isindumba leso. Iwele elinga hlonishwa lodwa uma loku kunga gcinwanga izilu liyaduma liwese impela kakhulu isachotho uma izilu kade liduma laze la limaza okuthile akushiwo ukuthi kwenziwe izulu. Kuthiwa ku dlale inkosi.

Uma futhi unika umuntu omudala umkhonto noma umese ubekisa
39. induku ngakuye umese ubengakuwe. Uma ubekisa umukhonto ngakuye wokubeka kabi impela. Kuhle induku ibengakuyena uma ubekisa umkhonto ngakuye uyathi ufuna ukungi gwazana phela kufaye kubekhona abkwenekayo bakuvubela ngalo lelo langa okubizwa ngokuthi "idlula" kumbe "Inguyo" kumbe "isixubo". Laphoke seyivuthiwe ke ingiyo le isiphuzwa noma imnandi kuthiwa lobutshwala bubi obukulu buyonakala bube bubi. Uma kubulwa amabele abulwa ngezagile ezimbile kuphela njenge zandla zomuntu. Uma ubula ngesandla esisodwa awezi amabele ngoba uyaweya uma kweliwa amabele kuye kubekwe umoya uba mawuvunguze kancane ngoba omkhulu uyawaphephula amabele angeleki kahle. Lomoya wokwela kuthiwa "umthakathi" uma libalele izulu kuhlalwa ngoku shunqiza esizeni kubizwe umthakathilowo. Okunye futhi okuhlonishwa ngalo leligama lokuthi umthakathi "inyongo" umuntu uma ehlanza ak shiwo kuthi uma uphalaza kuphume inyongo. Kodwa kuthiwa umthakathi kuze amazinyo engane aphume kahle kuthiwa abathakathi umalilinye umthakathi uma umuntu sindala ebulawa izinyo kuthiwa umthakathi.

Uma kuhlatshwe inkomo ishoba layo lifindwa ifinjwana elincane liphatwe kahle libekwe endaweni engathitwa muthu njalo Kuthiwa uma liphatwe kadedengu inyama yenkomo iluma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. 41. abantu ezisivini labo abayidlile. Uma kuhlatshwa kuhlatshwela esibayeni. Kuthi lapho kuthutwa inyama siwa endlini kuphunywe ngesango kuphela uma kweqiwe nenyama esibayeni kuthiwa izinkomo azandi ziyaphela. Lezizindlela zokuhlonipha zavela kwabadala noko abanye bazenezezele ngokwabo. uMpanjana weluleka abantwana bakhe. Kuthiwa umuzi wakhe wawu fana nowe nkosi ngoba kwa kuthi uma omunye one lomuthetho ahlawuliswe inkomo nanamhlanjena amadodana akhe asawugcina lomuthetho ka yise. Ashiya ebakhumbuza ngawo abantw na bakhe namhlanjena indona yakhe iyinduna enkulu yenkosi ngendaba yako ukuhlonipha loku. Amathembu wonke ayakuthanda ukuhlonipha nanamhlanjena.

42. Uthi futhi uMphanyana kubantwana bakhe:- Uma mbizwa umuntu omdala kuhle ngisabele ngithi baba ngithathela ngiye kuyena ngejubane ngizwe noko noko konke akusho kumina ngiyeke owami umusebenzi lapho engithethisa kuhle ngithile ngingaphumeleli nginga phenduli lutho. Noma engishaya kuhle uthule noma ubona ukuthi nawe ungozi lwela kuyena. Wathi ungavika ukuvika kodwa ukupndisela ungakwenzi. Noma nixabene nomfowenu kuzothi kungafika uyihlo athi thulani umusindo uthule ngokushesha nithi du. Uma nedelele uyihlo niya hlawuliswa ngempahla yenu emnayo noma inkomo nomaimbuzi. Leyombuzi noma inkomo isizo hlatshwa idlilwe abasekhaya banke.

43. Uma uthunywa umuntu omdala noma kungesiyena owakini kuhle wenze loku akutshene kona ngokushesha noma umfana ebambe inyoni ehlane akazi dleli uyinika uyise ekhaya noma esesebenza imali uyinika uyise kube uyena umufunela izinkomo nezimbuzi. Umfana wenza loku aze akule abe yindoda ekhaya kusitshelwa ukudla komnumzane kuphela. Umcaba wakhe wamasi yasitshe kelwa ngembenge namasi akhe futhi ayasithsekelwa notshwala bakhe futhi. Konke ukudla kwakhe kuya sitshekelwa. Uma kuyocelwa intombi abakhongi abayi kuyise wentombi uma ekhona umnumzane omkhulu ekhaya kuwyiwa kuyena bese kuba uyena obiza uyise

44. wentombi wentombi nonindeni ukuba babonisane lendaba. Amazwi wonke aphuma kuyena umnumzane womuzi esevume kodwa nomndeni noyise wentombazane futhi. Nomfana uma efuna ukuganwa ekhaya kubikelwa umnumzane womuzi kuqala . Iziqumo ziphume ngaye zonke umnumzane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Awebethwa umulosi endli futhi akumiwa kuthiwa ngcwi endlini miwa kuthiwe loko ukwedelela. Uma kungeqiwa lomuthetho kusuke kugule omunye ekhaya kabi impela. Phela umuntu ema emela abada abantu kuthiwa wedelela abaphansi abantwana abayi phathi into ephatwa oyise noma yini akuvunyelwa loko. Umntwana waye ngaqoshani endlini ahlale futhi esiqikini s~~g~~oyise bakhe.

45. Uma ufika komunye umuzi ufice amadoda ehlezi ephuza utshwala ungene qede uzifunise undawo ngisho uyibona ikhona ngasemyango wena uze wenyuselwe ngenhla emusamo uhale ngenzansi ngomuncane kunawe. Umunyango kuhlala amakhehla amadala impela Ukwedelela ukuhlala ngasemunyango uma ubona ukuthi umncane ikhona amakhehla lapho. Uma usehlezi uthule futhi uthi du ungakkhulumi lutho baze baku bingelelebonke wena bakubuze lapha uphuma khona. Usunga khulumake uma sebuzile lapha uphuma khona.

Uma undendaba ofuna ukuyi khuluma kukhona umnumzane usiyo nyenyeza komunye ~~umnumzane~~ uku kunendaba ofuna ukuyikhuluma

46. umnumzane yena usezo thulisa ibandla ukuba kulalelwe wena kuphela. +Usuzophendulwa amadoda nayeke umnumz ne ~~i~~sezogcinela amadoda wonke ukukhuluma. Uma omunye ondala ekubizela utshwala kuhle usukume ngokuhlonipha futhi uhlale phansi uzenze uma usuphuza. Uma useqedile usuzobonga ulwesule kahle ukhamba lapha ade uphuza khona. Ulwemboze futhi kahle lapha kudliwayo omncane akamushiyeli omudala noma esesuthi kanjani ulinda kuze kuyeke umudalakuqala bese ususa zonke ~~izinqa-lomu~~ ozotsha yena izibeka. Ukweqa lomuthetho ukwedelelela abadala.

47. Uma kudliwa inyama kuye kuhlanjiwe kuqala uma sebeqedile abadala sekuzoladela abancane kuze kugcine omncane ngokuzalwa. Sekuzoba injena futhi ozoqoba inyama oqobele abadala uma kukhona amathambo usezo wayekela abadala. Uma emaningi usezoli ndela abadala ukuba maba khethe abawafunayo. Yibona futhi abazomuthathe naye ithambo. Uma kade kudliwa inyama azi gezwa izandla ziyaye kwa njena. Uma bethanda abadala besulele ema khanda abancane nalapha kudliwa amasi kuvuba yena futhi umncane uma unika ukudla umuntu umdala kunawe kwemukele ngezandla zonbili.

48 Umasi ukudlwa kwawo awadliwa njengo kudla okunye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259 uyawakha uwathele kwesoku nxele isandla kande ufunde emulonyeni noma udla ngokhezo uawakha ngalo bese uwathela kwesoku nxele isandla usufunda emulonueni. Amasi awathelwa ezikho ngoba izinkomo ziya dabuka uma ufika emuzini ungawadli amasi akhona noma ubisi lwakhona. Umuntu wesifazane akawadli amasi egezile futhi aba ngenni ezibaye uma egezile. Nomakoti akawadli amasi uze anikwe inkomo yakhe kuqala kade awadle amasi lowo. Futhi owesifazane akazi dabuli izinkomo zidla okholweni. Uyahlonipha agege impela. Uma kufe umuntu ekhaya izinkomo zishunqiselwe ukuze zingafi ngama kubalo.

49. Uma ufuna ukubingelela umuntu kuswelekele emendlu kuqala uthi uma usunge muwakwakhe kube yikhona umubingelela. Senibuzana nempilo nalapha ephuma khona omunye uma kungowesifazana uyaguqe phansi ngama dolo noma abambelele emadolweni uma ekhuluma nenda ukuhlonipha njalo loko. Kukhona lokufuthi uma indoda yeqiwe owesifazane kuthiwa into embi leyo ngoba yowela futhi indoda leya iyoshesha ukulimala empini. Amajoko owesifazane akaweqi futhi ngoba azosheshe phuke nemicilo akayeqi futhi ngoba izodabuka masishane uma intombi isilotsholwe iyahlonipha uyise zala noniana zala nabafowabo ngoku gqoka enye niqubo ngaphezulu kwenye futhi noma itshali noma ijazi noma ifake intwana njena enjenge duku ~~ukuhlonipha~~ ukuhlonipha abasemuzini uma umakoti noma yinsizwa uma uephule umuthetho wokuhlonipha ibisiwa kuyena uManjana ayilaye kahle. Noma koti ubeyalwa uMpanyana uma esecanguzile ubehanjelwa impela alandwe uMpanyana uma ukuthi akafikanga ubenzelwa ukhamba lwakhe yedwa kuthiwe ukuka Mpanyana nembuzi yekhe nenkosi yayi mazisa uMpanyana. Nanamhlanjena ayezwakala ama Thembu ethusa yona imiyalo ka Mpanjana. Umalemi thetho ku nomuntu ongawulaleli inkosi ibilanda yena uMpanjana azomhlawulisa.

51 Ukufa kwakhe uMpanjana. uMpanjana wafa empini yasezi ngolwelweni kulwa amacunu nawo amaThembu. uMpanjana wayeligagu njengoba futhi uyena owayeyi mbongi yempi. Phoke ikosi yathi ukubona uk thi uyisihlaka niphi yamunika ibeshu elihle impela phoke impi umuntu ofake ibeshu elihle impela ke ibeshu elihle bayamuzonda bamuyongo ngalo njalo nonesi hlangu esihle bayamujonga njalo. Phoke naye bamujonga ngalo baze baya bamu bulala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwenza ngoba phela ibeshu elihle nesihlangu esihle sifakwa omntwana kabani bamakhosi akufakwa fakwa njena noma ubani umuzi wakhe umphanjana wasala ubusa kahle wathi nendaodana enkulu yahlonipha umuzi kayise.

52. Umafazwane.

Umafazwane lona akaziwa lapha aphuma khona noma weza kuleli ngoku baleka yini kwelakubo izwena. Waqamukangakwa Zulu ehamba noNdongeni uthena uma efika lapha aBathenjini usekhonza enkosini yakithi. Iyamemukela inkosi. uMabaso uthena ngaku hlakwakhe waba indoda inolaka impela enamandla futhi ehlabana masishane abanye bangaka hlabani. Inkosi isize manjena. Imenze induna yayo. Emuzini omkhulu wayo eKuthokozeni. Usehlala impela w phatha kahle futhi naye lapho. Kuthena kunjalo inkosi yamuthuma ukuhlasela eSwazini akavuma uMafa. Inkosi isizwa ukuthi uMafa uyala. Isifuna ukubulala uMafa manjena.

53. Uthena ukubona loku uMafa wahamba waba ovumuleyo manjena uthena uma ehambile kanti usebaleka manjena. Usebuyela emuva ukuzwa ukuthi inkosi umuthukuthelele useyolanda umuzi wakhe ebusuku usebaleka nenxele nye yempi yenkosi abanye njalo abavuma ukusaya eSwazini wahamba ubeka oNdini walandela umukhondo ka Mzilikazi usehamba naye elwa nezizwe ezincane kunaye ezinqoba impela athumbe nezinkomo zazo. Kokunye njalo antshontsha izinkomo endlula khona. Uthe uma efike kuMuzilikazi wamubona uMzilikazi wathokoza impela wamenza yona induna enkulu futhi yempi yakhe.

53 Kuthena musukwana Umzilikazi ehlasele uMosheshe inkosi yabeSuthu uyena owaye holaimpi yenkosi nalapha uMoshesh esemunika izinkabi ezimbili uMzilikazi uyena owzamukela. Kuthi ukuba uMathe abone ukuthi uMzilikazi uyahlupha uhlala ngezazi njalo wafuna isuluku baleka eze ekhaya eBathenjini. Uthe ithi uyabaleka kwase kuzwakala ukuthi amaBunu asefikile ngoba Mzilikazi use yewawa ala emuzini wawo lapha k thiwa kuse Orange River manjena amaBunu ayakhe khona lapho usehluleka ukuthi uzobaleka kanjani. Usephuma ebusuku amaBunu eseqothulile emuzini wenkosi nayo ingasekho engasaziwa

54 usebaleka usehlangana naye uMafa ecashile usethi uyophina usethi naye nami ngiyabaleka ngilandela nina ngoba ngibona umuzi usephellele abaBunu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Usethi uMafa masibaleke manje sephinde emuva ngoba iyikho indlala
kahle kulele lizwe nebala sebebaleka usethi ukufika uMafa indodana
ka Mabaso isimubulala ngoba wahambisa abantu bakayise. Futhi
wedelela uyise uma emuthuma.

Usethi uma esebulawa uMafa: "Ngafa mina Mushokobezi
uguduza iziziba ezinde nezimfushane" akusondelangamuntu uma esebuza
ethi "myangi bulala mbulala mina Madoda" Kwaze kwasondela uMfoka
56 Zindongeni kuthiwa wafa naye uMafa. UMafa lona waye dumile
impela eyisilwi esendlula uwekwenza yingako ayesabeka njena
kuthiwa futhi waye mude emukhulu impela. Inkosi yathokoza uku
zwa ukuthi uMfa usefile ngoba yayimesaba ukuthi hleze abaleka na-
banye futhi abantu bayo. Kuthiwa amadodana akhe abaleka abona
ukuthi nawo azobulawa lapa kulendawo. Aphindela khona kwazulu.
Nanamhlanjena basekhona abazukulwane baka Mafa. uMpithikezi
indodana enkulu yakhe uMafa yakhe kwelase Macunwini yafika
isibuya kwazulu yathi ifuna indawo kumaThembu awavumangokwazi
uyise ukuthi waye yishinga ebafuthi.

57 Ingcube kubaThembu.

Ingcube umkhosi wokweshama kwamakhosi ngesikhathi
kungena ukwindla, sekunokudla okusha osekungadliwa amakhosi.
Ashwama ngokudedelana ngemvume yenkantolo.

Ake nginithi falakahla ngokweshwana ngengcube kwenkosi
yama Thembu uMabizela uma inkosi izoshwama kuqalwa ngokumenywa
kuqala kucwile amabele, intombi sezizo lindela ukugaya utshwala
obukhulu impela. Sekumenyezelwa ukuthi wonke umuntu makazile.
Kuzilwa kwaliwa ukusina nokugcagca nokunye okunjengaloko.
Amahubo awavunyelwe kuze kundle wona amshwamiso. Abesifazane
ngalelo langa baya vunula impela. Amadoda wona akha amahlahla
58 okuhlosela inkosi uma isizo phehla uvathu ngosuku olungaphambi
kwelanga lengcube ngempela. Kwelanga lengcube ngempela. Ngesi-
khathi sekuzila amabutho ayahlanziswa zonke izinsuku ngabanye
ngabanye bazekhathi bakhafule amadolo abo. Ilanga lokugaya
utshwala libikezelwa isinsuku ezisiphohlongo ngophambi kwelanga
lengcube. Kulokhukubekwa isigaxa senyanga ukuba umkhosi ube
ngamhla inyanga ifa. Amakhosi awashwami ithwese inyanga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Amabutho aye ayalwe ukuze azi hathe kahle ngosuku lolo olukhulu loku kufana nephasika kumahlwewa. Umuthi abahlanza ngawo izintelezi aziphuza ngomulomo okhambeni noma embizeni izandla zombili zebelethwe, bazikhafule imadolweni bethi "dolo lami qina!"

59 Uma ingcube uma seyingamhlomunye, bonke abafazi baya esigcawini bayokwebelwa izimpahla zabesilisa sabo abasefazane baqaleke ukuweleza kusho ubuwelewele bekhomba ukujabula bethi "Wele-wele-wele-wadla ingcube washeka!" Lehlanga balenza olwesine olungcwele njenga makholwa ngesikhathi sama Ester. Kanti nabo kumgumkhuba wabo ukuba bakwenze njalo ngolwesine. Ngomso (olwesihlanu) aka usuku lomdwabo. Kudwatshelwa entabeni ephakane. Belingisa uJesu, owaya entabeni icalvary ngalolusuku wonke owonke uvuka ekuseni aye kwankosi kanti abanye balale khona ngolwesine besamazisa umuzi behuba, kuyiwa nezinkomo zokuqhusha (ukuxoja nokudlokoba kwezinkabi kuyiwa kuhlonywe kwaphelela impela sekugqushwa kwezi

60 inkomo kubizwa ngokuthi ukungenisa. Abanye bezigodi bangenise kweminye imizi ezalana naba kwankosi kuyasinwa ngalelo langa kuphuzwe utshwala. Kudlaliswe izinkabi zezinkomo namahashi.

Kusuke ngamunye ezinsizweni agwiye ngezibongo zakhe kanjena "Ngathi ngimudlala ngadlala bantwana" Amabutho abethe: shwili-shwili sobe sikhona besho besikaza isikhundla abagwiyela kuso. Sekusukwa emuzini wenkosi kuyiwa entabeni nezinkomo no tshwala kode alwa khona kuze kube ntambama kugaulwe amahla aluhlaza kuvumelwe ngawo bese inyanga eyehwa misa inkosi imba umuthi khona lapha. Kuvunywe nezono uma omunye inamagqubu nomunye uyavuma baxle lane khona lapho.

61. Umasebe buya senguzo bulawa inkabi yama butho agade inkosi sekubuyiwa kuyiwa ekhaya. Inkosi isizophuma endlini ibince ibeshu nebande lenyama zane ethile isizolala lapho nama butho wonke umgqibelo. Lenkabi ehlatshiwe iyacwiywa kukhishwe imbetho (lenyama ethikizela yo emhlubulweni ngasekwapheni) Lenyama iyona ezokhathwa umuthi idliwe inyama yayo inyanga nenkosi nxa sebezaphehla uvathi. Enye inyama ethiwa (imagci)ibizwa ngokuthi "wathabatheka" ni iphahlwa abafana ababili bephethe izinkemba nezinkamba kukhona muthi kulezo nkaba kuthi kulomuthi

62. inkosi ihabule ikhife womane amakhona omhlaba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. Kusinwe kuzekuse esibayeni inkosi iphehla ii vathi. Ngomgqibelo inkosi ishamba ekuseni iyogeza ezizibeni ezikude noma emfuleni omkhulu igeze ngezithelezi bese kosiwa inyama naleyo nyama izohugwa emuthini kande ayidle. Amabutho bese ehamba nawo eyogeza emufuleni emukhulu. Ageza ngezithelezi nawo amabutho lana. Ngemunye umnyaka inkosi iyaqunga ikhathe ngezi nsizi zemithi bese kuhlatshwa inkuzi yenk mo ngalowo nyaka uma inkosi yenze njalo. Uma abantu sebe vela lapho sebenezi nhliziyo ezinhle noxolo kwabanye. Inkosi nayo iyathula izile impela ingahlaseli ngalezo zinsuku. Kuze kwendlule amasonto amabili.

63. Usibitwana wakwaMakhathini.

Utshena abafana bakwake imbila yezinkomo ngoba ebona ukuthi abasayazi uthi kubona "myayazi yini imbalayezinkomo na?" Bayalandula bathi asiyazi kahle. Uthi ke yena sondelani lapha kumina nginitshene imbala. Waba hlalela ekuseni kwaze kwasemini ebatshena yona njalo imbila yezinkomo uthi "ibala iqhamileyo nansi, emnyana, nomhlophe. Isikazi emnyama k thiwa (izimakazi) Induna kuthiwa imnyama njalo njena.

| | Induna | Insikazi |
|---|---|---|
| (omuhlophe | Imhlophe | emhlophekazi |
| Inkone i | inkone | inkonekazi |
| Impemvu | impemvu | iMpemvukazi |
| iqola | iqola | iqolakazi |
| uMsheko | umsheko | umshekokazi |
| ing evu | ingwevu | ingwevukazi |
| iklalathi | iklalathi | iklalathi |
| insasa | insasa | insasakazi |
| ongoye | ongoye | ongoyekazi |
| | mala | imalakazi |
| | ibanqule | ibanqulekazi |
| | ukhozi | ukhozikazi |

Ezibomvu.

| Induna | Insikazi |
|---|---|
| Mgco | ingokazi |
| imngquphane ihwanqa | imngquphanekazi ihwanqakazi |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

| | | |
|---|---|---|
| amaqanda kahoyi | = | amaqandakazi kahoyi |
| insundu | z | insudukazi |
| impofu | = | impofukazi |
| unyawothi | = | unyawothikazi |
| isihlabathi solwandle | = | isihlabathi solwandle |
| iviyo | = | wiyokazi |
| unidubu | = | umdubukazi |
| intulo | = | intolokazi |
| imbiba | imbibakazi | |
| ufipha | ufiphakazi | |
| ibidi | ibidikazi | |
| inkanku | inkankukazi | |
| iphuthu | = | iphuthukezi |
| ugayindophi | ugayindophi | |

Ukucazwa kwayo.

Mnyama: Kuye nkomo emnyama engena mbala omunye futhi.

Mhlophe engena mbala wonke omunye umzimba.

Omnyama nomhlophe: Kuthiwa ibondo leyo.

Inkone: Emnyama wonke umuhlubulo bese iba mhlophe ngaphansi kumbe emhlahdeni.

Inkone eyisiqandani: Imhlophe ikhanda namabala athe fahla kuze kuphume emlenzeni nasezinqeni amabala.

Inkonekazi ilele umuntu phakathi: Kuthiwa kwemnyama umbala wayo usuke emkhonweni umnyama ugcine emagebeni ungafinyeleli ibemhlophe emhlana nangaphansi.

Impenvu: Emhlophe ngobuso nase bilweni nangaphansi isidumbu simnyama.

Iqola: Lena imnyama ibeno mbala omhlophe eqolo ngaphansi.

Unisheko: Emnyama ibenombala osuke ngaphansi wathi dwi.

Ilunga: Enamabala amhlophe namnyama ahamba ethi badu! badu!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ilunga elikhalazamithi: Lina mabalala amhlophe namnyama. Adle ngobuningi kunelungakazi.

Ingwevu: Lena ithephukuthu ngekhala limhlophe ibimnyama yona umbala lo sukmbonjeni

Iklalathi: Lena ibeke umbala omhlophe entanyeni ibe mnyama yona.

Insusa: Lena ibeke amabala amhlophe amaningi athi fikifiki ngaphansi kuze kuhe sezinkwapheni.

Amatshe ongoye: Imbala amhlophe namnyama alingana ngobuningi.

Inala: Inemibala ezinhlangothini zombili emhlophe ibe imnyama yona.

Ibanqule: Eyembethe umbala omnyama yase ibanqula ngomhlophe.

66. Ukhozi: Emhlophe ngaphansi icishe ibe njengensasakazi ibe imnyama amabala amaningi ekhanda aze aqamuke emuhlubulweni.

Inkwazi: Imnyama imhlophe ngekhanda lithi phukuthu lonke kugcine ngentamo. Nangaphansi imuhlophe ngaphezulu imnyama ngesidumbu.

Imngquphane: Le ibomvu ibe namashiya amhlophe

Ihwanqa: Inamabala amahlophe nabomvu amancane

Amaqanda kahoyi: Inamabala abomvu namhlophe adle ngoba emncane ifane nengwenje.

Insundu: Ibomvu kakubende leyo ayina mbala omunye futhi.

Impofu: Icishe ibebovu ingani ayimhlophe futhi.

Unyawothi: Ubumpofu bayo buqothile wonke umuzimba

Isihlabathi solwandle: Ingathi impofu impofu omunye athi imhlophe ifana nesihlabathi solwandle.

Iviyo: Lena ifana neviyo wonke umzimba njengeviyo livuthiwe.

Umdubu: Ayiphopi ithi mayilande unyowothi igani

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

akuyawo - ingane ingathi impofu kanti qha ubuphofu bayo buthophele.

Intulo: Lenkomo ithi abampofu kodwa ikhanda libemhlophe

Imbiba: Ibomvu ibe nomhlandla omnyama uthi dwi njengo wembiba.

Ufipha: Lena ayibomvu ayimuyamafuthi. Kodwa iphethe ububomvu obuthubele ongazi angathi imnyama.

Ibide: Enamabala ayimishi amhlophe namphofu nebomvu kodwa ingasho ukuthi kla!

Inkanku: Imhlophe ngaphansi noma ingemnyama ubala unqumula ekw.pheni ungcine emhlandleni ungabi nikhulu uthi dwi noma useke ngaphansi komkhono.

69 Ukudabuka kwesizwe sakwa Masondo.

Phakathi kwezizwe ezidumileyo zakuqala kwakukhona isizwa sakwa Mthethwa, sinenkosi yaso njengazo zonke izizwe ezazikhona lenkosi yiyibusa phezu kwezizwe ezindingi zazingaphansi kwaso.

Ngizosukela phakathi nje nasesizwe ngoba indaba yami ayizukugila kuso lesisisizwe kakhulu sakwa Mthethwa. uDingiswayo ka Jobe waye yinkosi ehlakanipheyo yalesisizwe sakwa Mthethwa. Kwathike ngesinye isikhathi kwavela indlala enkulu kulelozwe. Kwa izizwe zalamba kakhulu zaze zasuka zahamba ngenxa yoba zibulawa indlala.

Kwathi isigaba esahamba kuqala sahamba sayophanza kwesinye izizwe ezazinokudla. Sanela safika lesisizwe kulabo ababenokudla bathi "kuhle nake nani lapha ukuze nani siniphe ukudla banela
70 bakha kuleyo ndawo base beba biza ngokuthi abakwa Mpanza, ngoba bafika ngokuzo phanza ukudla.

Kwaphinda futhi kwasuka esinye isigaba sesibili naso futhi sexoshwa yiyo indlala. Sahamba lesisizwe singazi lapho siyakhona sesiphike ngokuthi soye sifike lapho siyothola khona ukudla. Sati sisindleleni safica isondo lenyamazane salandela lona njalo. Izinyathelo lapho bekuhamba khona inyamazane bahamba bahamba lababantu behamba belala bebuka baze bafika lapha kukhona abantu abanokudla. Bafika bakhonza lapho bakha ngoba futhi babona indawo enhle ifanele ukwakwa. Lesisigaba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.259. sazibiza ngokuthi esakwa Masongo ngoba Balandela isongo lenyamazane. Yiso lesisizwe engizokuluma ngazo lakha.

Isigaba sisithathu sahlala nje, sona saxolelana ndanba,
71 Sathetha kwase kuthiwa isizwe sakwa Mthethwa manje lesisizwe ezintathu zadabuka ndawo njengoba sengishilo lapha kuleli phepha konke loku esengikushilo kuyavumelana kushiwo uBryant encwadini yakhe ethiwa "Olden Times in Zululand and Natal page 118" Nje ngoba lezizizwe sadabuka ndawonye zingeze zaththana nezo owakwa Masongo angeyithathe ~~intombi~~ intombi yakwa Mpanza noma eyakwa Mthethwa. Ngoba umfowabo ngempela. Kwathike lapha kwakha khona lesisi zwe esàlandela isondo lenyamazane sabeka inkosi yaso Ludonga. Lonake wabayinkosi enkulu kuso sonke naphezu kwezinwe izizwana ezazikhona lapho zabanga phansi kwakhe. Izizwe esinjengesizwe sase Mantshalini ne sinye.

uLudonga lona uyena owadabula uhlanga lwesizwe sakwa Masongo wayeyidoda ehlakaniphileyo kakhulu ngoba akathandanga
72 ukuba alwe nezinye zizizwe ezazakhelene naye. Wahlala waze wathi nxa asezokufa wakuluma amazwi ayisimangaleso abona kalisa ubukhosi kobukhulu bakhe kwathi nxa esezo kufa wathi ezinduneni zake akothi angafa banga mangcwabi bamyeke endlini yakhe aze abole yonke inyama kothike nxa sekusele amathambo bawathathe bayowashisa ngomlilo endaweni elise nhlonganweni yemumfula emibili iTaka nomfalozi emhlophe lapha bababkhe khona ku othi umlotha wamathambo akhe bayolwuthela lowomlotha babeke esizebeni ngemuva kokuba sebefake umlotha wamathambo akhe esizibeni nempela kuthe kusenjalo ukuba baqede ukuthela lowo mlotha wamathambo ake ba bona kuphuma ibubesi phakathi emanzini. Lokeke kuyabona kala nje ukuthi kwase kulidlozi elingu Ludonga seliphenduke ibubesi Kubhawa ngishona namhla ibubesi alumulumi umuntu wakwaMasonto ngaphandle kokuba kuyi vezandlelbe ngoba inkosi yabo yaba ibubesi Futhi bathi badala kungako abantu bakwa Masongo bewutha nda kangaka umulilo. Ngoba inkosi yabo yashiswa ngomulilo. Kwathi ukuba afe uLudonga izinkomo zakhe zegula zenza izimangaliso futhi nazo. Zagijima zimbili namankonyane azo njalo zaye zangena esizibeni esise mpophomeni eduze nentaba ebizwa ngokuthi kukwa Noumbe. Aziphindanga ziphume lezonkomazi ezimbili kanye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

namankonyane azo. Ngisho nanamhlanje akuyi lutho luuyayo
74. kulesosiziba zonke lezi zimangaliso zisikhombisa bukhulu bakhe ngodumo ayenalo wayaziwa ngalezizibongo. Kudonga ka Makhwelu usonyanda, uLudonga dilika kade siphuza amanze emchachazweni. Inkome ekhale phezulu enende, yaye yezwakala kumagalela waseMantshalini usihlahla sise nendeni phezulu ungasiboni ukuba nezinsaba Ibiji likaBodliwe elinga makhonto. Igwazo oseke zansi. Usonhlambas' nkomo ziyalila. Obengqungqulí iqala ngendlel' ibange ko Madloko Phakathi kwezinsukuwana nebiphi.

Lezizibongo yona zibongo eszibonga isizwe sonke sakwa Masongo. Ngokuba phela lona uLudonga uyena mthombo walesisizwe. Kwathike ukuba afe ukudonga indodana yakhe enkulu uNgwane yabusa
75. yabayi nkosi ngemvu kokufa kukayise babake khona belu eNcude. Kodwa uNgwane lona wathi esekhulile esenomuzi omkhulu wathutha waye wakha eNgoje lapho ze afela khona ngizokhombisa lapha babakhe khona behamba njalo bethutha njengoba ngizokhombisa lapha ngezansi.

Kwathi ukuba fe Ngwane kwangena indodana yakhe enkulu uNgemo, uNgema waye naba fowabo ababili uMakhwela no Bula. Bathi abadala kuqala impela umuntu wayengaganwa ngabafazi abaningi ngenxa yokwesaba ukuthi amadodana azobanga ifa nobukhosana. Kungakoke sizwa engabimaningi amadodana omuntu emunye njengana mhlanjena. Lapha amuntu esenamadodana amaningi emunye.

76. Kwathi lama dodana amathathu aseveza izindlu ezehlukene abaqalanga behlukana baqala ngokwakha ndawonye kwaze kwaba yisizwe esikhulu impela kukuthi nomnyamazane usezokhetha indlu anga lobola ngayo noma ngebendlu enkulu noma encane noma ephakathi abaka Ngema abatwana wazala uJuda unkosana ena bafowabo abaningi njena abamagama abo ilawa: uKwayisana, uThelegu, uMpisi, noBodlongwana. Lababonke bahlala ndawonye bezwana kakhulu uBodlongwana kwaku ngowendlu yasekhohlo. Wathuta yena kuba fowabo wayo kwakha eMhluze ngasehlobane. uMakhwela wazala inkosana uMthunkulu. Kwaku uyena omkhulu okwakwe thulwa kuyena insonyama uma kuhlatshiwe.

77. Noma kukhona ukudadeka nokuxabana ekhaya kwakubikwa kuyena. Uyena owayelungisa ukukhuluma ekhaya uMthimkulu wazala uManguza inkosana nabanye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Omshinane, Mngonwa, Silima, Maxolo, Mashinana, Magcithigcithi no Miyemujemu lona kwa kungowase khohlo. Lamadodana ka Mthimkuku awa khanga ndawonye abanye babo bathutah bakha ngase Mpemvane abanye bakha ngase Hlbane.

Lenkosi uMthimkhulu waye dumile ezweni naku bantu bakhe. Wayedume njengoyise uLodonga. Wayaziwa noma eseyi nsizwa wezibongo zakhe nasi uMthimkhulu:

Ugidizela kamthungwa,
Uzisinde zamanye amadoda,
Uzibulala ugendoda enkulu,
Engangoyise uMthingwa,
Unxeba libanzi,
Lingange mulomo yezidumbu zako phithi. Usandla kasikhethi nakwabamhlpohe nabamnyama.

Wabusa njalo waze wafela khona eManxiweni akhe eNende. Indodana yakhe enkulu uMkhunjini wathatha sikhundla sobukhosi. Wabusa kahle naye impela wazala amadodana amabili uJuda yena waye umfowabo ka Mkhunjini. uMkhunjini yena usezala amadodana amathathu uNoshiwila noMfene, no Diye no Noshiwila no Mfene, no Diye. uNoshwila yena wazala uMahumane inkosana yakhe bakha ngase Nkhuze. uMahumane wazala uSimfongeyana lababantu bahlakazeka bonke ngesi sikhathikulwa izimpi zika Tshaka no Zwide. Abanye babo baya eMpemvane abanye njalo ngezi ndawo ngezi ndawo zezwe.

79. uNoshwila lona kwakungowase khohlo yena uMguni kuyinkosana ka Juda. Kodwa uNoshwila waye hlakaniphe kakhulu impela yena. Eliqhawe futhi emude emnyama impela kakhulu esabeka, kodwa waye nodumo kubantu bonke nazi zibongo zakhe: uNoshwila nsimba nganelenze, Unisipha kanzeowa ngabofo insingizi ebika izulu, isikhuni esimnyama sika Juda esithutha amatshe siwabekele emvakwendlu kwabo, isiguqa esimnyama sidela ngokuzenzela.

uMnguni lona nempi yakhe yonke wahamba waqonda eZihlale waye wakha khona kuManyosi wase mabatheni ka Dukezela. Lapho uMnguni wabukanye namabutho ka Manyosi. Ngalesisi khathi ke kungemuva kwempi yabe lungu eyalwa ngo 1879. Njengoba phela u

80. Cetshwayo bamuthatha abelungu, uZibebu wasala walwa no Ndabuko ebanganaye kanti nangu uMnguni lona nabantu bakhe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bangakakhi nokwakha sekusuka wona umubango, uZibebû usebulala bonke laba okungesibona abakhe ababe yiziGqoza usebaleka uNdabuko eya eNhlazatshe bakhonza kuSishishili ka Mnqandi wase zibisini inkosi yakwa Mahlase Sibisi. Kulesi sikhathi sebehlu kene amaqembu akwa Zulu, uStuthuluthi zona iziGqoza azibulawa ngani. IziGqoza zona zabaleka Suthu lona lwasala khona eMfolozi. Lusho loku njena uSuthu lufuna ukubaleka lulandele zona iziGqoza belu. Usetthi ukufika kuShishishili uMnguni sebezwana kakhulu naye

81 wamenza inceku yakhe uSishishili. Kuthena ukuba izinceku zika Sishishili zibone ukuthi uMnguni inkosi isiyamthanda zathukuthela impela kakhulu zamubulala njalo uMnguni ngomuthi ngoba zinengwa ukuba athandwe inkosi efika endaweni.

uMnguni wafa washiya uMaulusi, nentombazane yakhe u Siquntu owafela oBalule. Amanye amadodana akhe yilana uZwangedwa no Sife. Kwathi umukakhe wahamba wayogana emaBatheni. Laphoke wazala uMvukazana intombazane noBanda bobabili kuphela lotsholwanga lapha emaMbatheni kwaba nga bakwa Masongo labantwana uMvukazana ngoba waye muhle inkosi yamusa esigodlweni.

82. Kwathi ngelinye ilanga lezi izingane zakhe azishiya kwa Masondo zamukumbula unina zase zimuvakashela zantathu, unina kwakungo ka Phatha, kwathilezi zingane zisendleleni yagula enye ingane kakhulu impela uMalusi nelanga lazishonela. Kuthena ukuba babone ukuthi selishone ba lala ngaphansi kwesihlahla. Kwamqinisela impela uMalusi ukufa waze wafa khona lapho ebusuku. Zakhohlwa manjena izingane ukuthi zizo kwenzenjani ngoba nangu omunye esefile futhi zihambe ngokweqa ekhaya zahlala nasoke isidumbu kwaze kwasa. Kuthena ngakusasa insizwa ihamba iyozingela yazibona lezi zingana kodwa uMalusi esefile yaphuthuma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

259 yayobika ekhaya lombikho.

K13/21

83. Ngalesi sikhathi kwakwakwawe eMfolozi izingane zaze 27 X zakhulela kunina eMamabatheni wa Guqu kwathi uma sebekhulile baphuma umuzi wabo kwa Masongo. Usife uwaganwa inkosazana yakwa Ntshangose ka Madwaba. Wazala lamadodana uSife uMashushushu owaye yinosana yakhe ibutho lakhe uMbonambi kwase kuba uBabomakhulu yena ibutho lakhe ingoba Makhosi. Wazala namantombazana amathathu uSife lena. Kuthena ukuba baxoshwe iwona futhi bango ka Zibebu babaleka futhi noSishishili wabaleka naye eNhlazatshe ba uthakala nezwe uSishishili yena wabalekela kube lunbu.

Wacela uba bamuthole abamhlophe ba muthole.

END. S. 259.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.